



# العقيدة الصحيحة وما يضادها

سماحة الشيخ عبد الله بن عبد العزيز بن باز رحمه الله

قام بترجمته إلى لغة الزولو

الشيخ عادل جعفر مولتشيو

*Ukholo OLULUNGILEYO  
nalokho okuphambANA nalo*

ILOTSHWE YINZULULWAZI U:

**ABDULAZIZI bin ABDULA bin BAZI**

YAHUNYUSHWA NGESIZULU NGU:

**ADIL MLOTSHWA**

طبع على نفقة وصية خولة دخيل الجسار رحمها الله (دولة الكويت) بإشراف اتحاد علماء إفريقيا  
IXHASWE NGUWASIYA KGAWLA DAGKILI AL-JASARI – (U ALLAH ABE  
NOMUSA KUYE) – WASEKUWAYITI NGAPHANSI KWESO LESIGUNGU  
SEZINZULULWAZI ZASE AFRIKA

2016/1437

Udumo ngoluka Allah Yena yedwa; futhi izilokotho nokuthula makube kulowo okungenamembulelwa emva kwakhe, nasemndenini wakhe nakubalandeli bakhe. Sihlabele phambili:

Njengoba ukholo lwangempela liwumnyombo wendlela ye *Islamu* nesisekelo senkolo, ngibone ukuba kuge yilonia isihloko senkulomo.

Kuyinto eyaziwayo ngobufakazi benkolo obuseNcwadini (*iKurani*) *neSunna* (izimfundiso zeSithunywa  ) ukuthi izenso namazwi kwamukeleka uma kusuka okholweni olulungileyo. Uma ukholo lungalungile, konke okuyizenzo namazwi okuhluma kulo kuyashabalala, njengalokhu esho u Allah:

وَمَنْ يَكُفِرُ بِالْإِيمَانِ فَقَدْ حَطَ عَمَلٌ، وَهُوَ فِي الْآخِرَةِ مِنَ الْخَسِيرِينَ

**"Lowo ophika ukholo, nebala izenso zakhe ziyashabalala futhi uyoba olahlekelwe kwelizayo"** [Kurani, 5:5], waphinde wathi;

وَلَقَدْ أُوحِيَ إِلَيْكَ وَإِلَى الَّذِينَ مِنْ قَبْلِكَ لَئِنْ أَشْرَكْتَ لِيَحْبَطَ عَمَلُكَ وَلَتَكُونَنَّ مِنَ الْخَسِيرِينَ

**"Impela kwembulelwa kuwe [Muhamadi] nakulaba abakwandulelayo ukuthi uma nje ungabhangqa, nakanjani izenso zakho ziyoshabalala uphinde ube olahlekelwe kwelizayo"** [39:65]

Maningi *ama-aya* (imibiko) aqukethe lomlayezo; iNcwadi ka Allah *neSuna* yeSithunywa saKhe esithembekile  kukhombisa ukuthi ukholo lufaka phakathi: ukukholelwa ku Allah; nezingelosi zaKhe; neZincwadi zaKhe; neZithunywa zaKhe; nasoSukwini lokuGcina kanye nakwiKadari, enhle nemb. Ngakho-ke lezinto eziyisithupha ziyyisekelo zokholo olulungileyo, lolu belu olwafika neNcwadi ka Allah ehloniphekile nathumela nalo iSithunywa saKhe *uMuhamadi*  . Kulezi zisekelo kuphuma konke lokhu okumele kukholwe, okufaka izinto ezingabonwa nakho konke okushiwo ngu Allah neSithunywa saKhe  . Kanti-ke ubufakazi balezi zisekelo eziyisithupha obuthokala eNcwadini ka Allah *nakwiSuna* buningi kakhulu. Obunye babo ngamazwi ka Allah – Ungcwele Yena:

لَيْسَ الِّبَرُّ أَنْ تُولُوا وُجُوهَكُمْ قِبَلَ الْمَشْرِقِ وَالْمَغْرِبِ وَلَكِنَّ الِّبَرُّ مَنْ ءَامَنَ بِاللَّهِ وَالْيَوْمِ الْآخِرِ  
وَالْمَلَائِكَةَ وَالْكَنْبِ وَالْيَتَمَ

**"Akusikho ukulunga ukuba nibhekise ubuso benu empumalanga nasentshonalanga, kepha ukulunga ukukholelwa ku Allah nasoSukwini lokuGcina nakuzingelosi nakwiNcwadi neZithunywa..."** [Kurani 2:177]

ءَامَنَ الرَّسُولُ بِمَا أُنزِلَ إِلَيْهِ مِنْ رَبِّهِ وَالْمُؤْمِنُونَ كُلُّهُمْ ءَامَنُوا بِاللَّهِ وَمَلَائِكَتِهِ وَكُنْبِهِ وَرَسُولِهِ لَا فَرْقَ  
بَيْنَ أَحَدٍ مِنْ رُسُلِهِ

**"iSithunywa siyakholelwa kulokho okwembulelwe kuso kuvela enkosini yaso. Kanjalo nabakholwayo; bonke bakholelwa ku Allah nasezingelosini zaKhe neZithunywa zaKhe, asicwasi muntu phakathi kweZithunywa zaKhe..."** [Kurani 2:285]

يَأَيُّهَا الَّذِينَ ءَامَنُوا ءَامَنُوا بِاللَّهِ وَرَسُولِهِ وَالْكَنْبِ الَّذِي نَزَّلَ عَلَى رَسُولِهِ وَالْكَنْبِ الَّذِي  
أَنْزَلَ مِنْ قَبْلٍ وَمَنْ يَكُفِرُ بِاللَّهِ وَمَلَائِكَتِهِ وَكُنْبِهِ وَرَسُولِهِ وَالْيَوْمِ الْآخِرِ فَقَدْ ضَلَّ ضَلَالًا بَعِيدًا

**"Nina enikholwayo, kholelwani ku Allah neZithunywa zaKhe nakuleNcwadi ayembulele kuSithunywa saKhe nakuleyo eyembulelwe ngaphambilini. Lowo ongakholelwa ku Allah nakuzingelosi zaKhe naseziNcwadini zaKhe nakuzithunywa zaKhe nasoSukwini lokuGcina, impela udukele kude le".** [Kurani 4:126]

أَلَمْ تَعْلَمْ أَنَّ اللَّهَ يَعْلَمُ مَا فِي السَّمَاوَاتِ وَالْأَرْضِ إِنَّ ذَلِكَ فِي كِتَابٍ إِنَّ ذَلِكَ عَلَى اللَّهِ يَسِيرٌ

*"Ingabe awazi yini ukuthi impela u Allah ukwazi konke okusezulwini nasemhlaben; nebala lokho kuseNcwadini (kadari); impela lokho kulula ku Allah".* [Kurani 22:70]

Mayelana namaHadithi aqinisekisiwe afakazela lezi zisekelo, maningi impela; enye yawo iHadithi eqinisekisiwe edumile, lena eqoshwe nguMusilimu encwadini yakhe eyilandisa kwihadithi ka Umaru ka Kgatwabu (ﷺ), ukuthi uJibhirili (ﷺ) wabuza iSithunywa (ﷺ) mayelana nokholo; wamphendula wathi: "**Ukholo, ukukholelwa ku Allah, nezingelosi zaKhe, neziNcwadi zaKhe neZithunywa zaKhe nasoSukwini lokuGcina nakwiKadari (izinqumo zika Allah) enhle nembi**" [iqoshwe uBhukgari noMusilimu, ngokuhluka okuncane kwihadithi ka AbuHurayira]. Kulezi zisekelo kuphuma konke lokhu okumele kukholwe yiMusilimu mayelana no Allah kanye nakwelizayo nokunye kulokho okungabonwayo.

(1)

### **UKUKHOLELWA KU ALLAH**

Ukukholelwa ku Allah kufaka phakathi: ukukholwa ukuthi nguYena isikhozwa seqiniso esifanelwe ukukhonzwa kunakho konke lokhu okungaphandle kwaKhe. Ngoba Yena unguMdali wezigqila nozinakekelayo nozondlayo nowazi izimfihlo zazo nokusobala. Futhi unamandla okuhlomulisa olalelayo kubo ajezise ongalaleli. Yikho lokhu akudalela abantu namajini waphinde wabayalela ngakho, njengoba esho:

وَمَا خَلَقْتُ لِجِنَّةً وَالإِنْسَانَ إِلَّا لِيَعْبُدُونَ ﴿٦﴾ مَا أُرِيدُ مِنْهُمْ مِنْ رِزْقٍ وَمَا أُرِيدُ أَنْ يُطْعَمُونَ ﴿٧﴾ إِنَّ اللَّهَ هُوَ الْرَّازِقُ ذُو الْفَوْةِ الْمَتِينُ

*"Ngidale amajini nabantu ukuba bakhonze Mina kuphela. Angifune sondlo kubo futhi angifune kudla kubo. Impela u Allah unguMondli onamandla Ongenqotshwe".* [Kurani 51:56-58], waphinda wathi:

يَأَيُّهَا النَّاسُ أَعْبُدُ وَأَرْبَكُمُ الَّذِي خَلَقْتُمْ وَالَّذِينَ مِنْ قَبْلِكُمْ لَعَلَّكُمْ تَتَّقَوْنَ ﴿٦﴾ الَّذِي جَعَلَ لَكُمُ الْأَرْضَ فِرَشًا وَالسَّمَاءَ بَنَاءً وَأَنْزَلَ مِنَ السَّمَاءِ مَا شَاءَ فَأَخْرَجَ بِهِ مِنَ الشَّمَاءِ رِزْقًا لَكُمْ فَلَا تَجْعَلُوا لِلَّهِ أَنْدَادًا وَأَنْتُمْ تَعْلَمُونَ

*"Sintu, khonzani iNkosi yenu lena eyanidala nina kanye nalabo abanandulelayo ukuze nibe ngabayithobelayo. Lena eyanenzela umhlaba waba isendlalelo nesibhakabhaka saba uphahla, yaphinde yehlisa amanzi emvula yakhiqiza ngawo izithelo eziyisondlo kini; ngakho-ke ningabhangqi u Allah nezimbangi ngamabomu".* [Kurani 2:21-22]

Futhi u Allah wathumela iZithunywa waletha neZincwadi ukuze kuhlaluseke leli qiniso nokumemela kulo, nokuxwayisa ngalokho okuphambene nalo, njengoba esho:

وَلَقَدْ بَعَثْنَا فِي كُلِّ أُمَّةٍ رَسُولًا أَنْ أَعْبُدُوا اللَّهَ وَاجْتَنَبُوا الظَّاغُورَ

*"Impela sathumela kuzo zonke izizwe iSithunywa ukuba sithi: khonzani u Allah nigweme izikhonzwa zamanga".* [Kurani 16:36]

وَمَا أَرْسَلْنَا مِنْ قَبْلِكَ مِنْ رَسُولٍ إِلَّا نُوحٌ إِلَيْهِ أَنَّهُ لَا إِلَهَ إِلَّا أَنَا أَعْبُدُونَ

"Akukho Sithunywa esasithumela ngaphambi kwakho esingasambulelanga kuso ukuthi: akekho ofanelwe ukukhonza ngaphandle kwaMi, ngakho-ke khonzani Mina".

[Kurani 21:25]

كَتَبَ اللَّهُ أَحْكَمَتْ مَا يَنْهَا، ثُمَّ فَعَلَتْ مِنْ لَدُنْ حَكِيمٍ خَيْرٌ ﴿١﴾ إِنَّا نَعْبُدُ إِلَّا اللَّهُ أَنَّى لَكُمْ مَنْهُ نَذِيرٌ وَبَشِيرٌ

"Lena iNcwadi omibiko yayo ihlelekile yaphinda yacaciswa yilowo Okhaliphile Onolwazi; ukuba ningakhonzi lutho ngaphandle kuka Allah; impela mina ngingumexwayisi nomethuli wezindaba ezinhle ovela kuYe". [Kurani 11:1-2]

Umnyombo walokhu kukhonza ukubhekisa ku Allah kuperha konke lokhu izigqila ezikhonza ngakho, njengemikhuleko nokwesaba neSwala nokuzila nokuhlaba nesibopho nokunye kwizinhlobo zokukhonza; ngokuzinikela nokuzikhanda nokwesaba nangothando oluphelele nokuzithoba ngaphambi kobukhulu baKhe. Ingxene enkulu yeKurani idingida lesi sisekelo esikhulu nakangaka, njengamazwi ka Allah:

فَاعْبُدُ اللَّهَ مُخْلِصًا لَهُ الدِّينِ ﴿١﴾ إِنَّ اللَّهَ أَنَّى لَهُ الدِّينُ الْحَالِصُ

"..ngakho-ke khonzani u Allah ngokubhekisa inkolo kuYe kuperha. Bheka ngoba inkolo emsulwa ngeka Allah". [Kurani 39:2-3]

وَقَضَى رَبُّكَ أَلَا نَعْبُدُو إِلَّا إِيَّاهُ

"Futhi iNkosi iyalele ukuthi ningakhonzi lutho ngaphandle kwaYo..". [Kurani 17:23]

فَادْعُوا اللَّهَ مُخْلِصِينَ لَهُ الدِّينَ وَلَا كُرَّهُ الْكُفَّارُونَ

"Ngakho-ke khonzani u Allah ngokubhekisa inkolo kuYe kuperha noma ngabe abangakholwa abathandi". [Kurani 40:14]

Ezincwadini, iBhukgari noMusilimu, uMu'adhi (ﷺ) ubika ukuthi iSithunywa (ﷺ) sathi:

حَقُّ اللَّهِ عَلَى الْعِبَادِ أَنْ يَعْبُدُوهُ وَلَا يُشْرِكُوا بِهِ شَيْئًا

"Ilungelo lika Allah kuziqqila, ukuba zimkhonze zingambahangqi nalutho".

Ukukholelwa ku Allah kuperha kufake phakathi: ukukholelwa kukho konke lokhu u Allah akuphoqelele ezigqileni wazibekela kona; njengezinsika ze Isilamu ezinhlanu ezsobala: (iShahada) ukufakaza ukuthi akukho okufanelwe ukukhonza ngaphandle kuka Allah nokuthi uMuhamadi uyiSithunywa sika Allah; nokuqikelela ukwenza iSwala; nokukhipha iZakati; nokuzila ngeRamadani; nokwenza iHaji eNdlini ka Allah ehloniphekile kulowo onamandla. Nokunye okuphoqelekile okufike nenkambiso ehlanzekile ye Isilamu.

Kanti-ke okuyiyona ebaluleke kunazo zonke kulezinsika nesemqoka: (iShahada) ukufakaza ukuthi akukho okufanelwe ukukhonza ngaphandle kuka Allah nokuthi uMuhamadi uyiSithunywa sika Allah. Ukufakaza ukuthi, akukho okufanelwe ukukhonza ngaphandle kuka Allah, kusho, ukukhonza u Allah Yena vo ngobumsulwa nokungakhonzi okunye ngaphandle kwaKhe. Lokhu ikona kanye okuqondiwe ngokuthi akukho okufanelwe ukukhonza ngaphandle kuka Allah. Phela kusho ukuthi akukho okukhonza ngokweqiniso ngaphandle kuka Allah; ngakho-ke konke okukhonzyayo ngaphandle kuka Allah, kungaba umuntu noma ingelosi noma ijini nokunye nje, konke kukhonza ngamanga. Ngu Allah kuperha okhonza ngokweqiniso, njengoba naye esho:

ذَلِكَ يَأْتِي اللَّهُ هُوَ الْحَقُّ وَأَنَّ مَا يَدْعُونَ مِنْ دُونِهِ هُوَ الْبَطِلُ وَأَنَّ اللَّهَ هُوَ الْعَلِيُّ

الْكَبِيرُ

"Lokho kungenxa yokuthi u Allah uyiqiniso kanti loku abakukhonzyayo ngaphandle kwaKhe umbhedo, nokuthi u Allah Uphakeme Mkhulu". [Kurani 22:62]

Besekuchaziwe phambilini ukuthi u Allah wadala abantu *namajini* ebadalela lesi sikelo esiwumsuka waphinde wabayalela ngaso. Futhi wathumela iZithunywa naso waletela neZincwadi naso. Ngakho-ke uma ukuhlaziyisisa kahle lokho uphinde ujule ngakho, kuyokugqamela ukuthi lesimo amaMusilimu asekuso sokungazi ngalesi sisekelo okuze kwabafaka ekukhonzeni okunye no Allah, bathatha okuyilungelo laKhe kuphela balinika okunye ngaphandle kwaKhe; u Allah asisize!

Ukukholelwa ku Allah kufaka futhi phakathi: ukukholwa ukuthi nguYena uMdali wendalo noMhleli wezindaba zayo nokuthi nguYena oyilawulayo ngolwazi lwaKhe namandla aKhe ngokwentando yaKhe. Nokuthi nguYena ophethe umhlaba nelizayo futhi uyiNkosi yendalo yonke jikelele akekho ongumdali ngaphandle kwaKhe noma enye iNkosi ngaphandle kwaKhe. Nokuthi wathumela iZithunywa waletha neZincwadi ukuqondisa izigqila nokuzimemela kulokho okuzoziphumelelisa nokuwusizo kuzo lapha nakwelizayo. Nokuthi Yena Ongcwele, akanamlingani kukho konke lokho, futhi uthi:

اللَّهُ خَلَقَ كُلَّ شَيْءٍ وَهُوَ عَلَىٰ كُلِّ شَيْءٍ وَكِيلٌ

**"u Allah unguMdali wezinto zonke futhi nguYena onakekela zonke izinto"** [Kurani, 39:62]

إِنَّ رَبَّكُمْ اللَّهُ الَّذِي خَلَقَ السَّمَاوَاتِ وَالْأَرْضَ فِي سِتَّةِ أَيَّامٍ ثُمَّ أَسْتَوَى عَلَى الْعَرْشِ يُغْشِي أَيَّلَ الْأَنْهَارَ يَطْلُبُهُ حَيْثَا وَالشَّمْسُ وَالْقَمَرُ وَالنَّجْوَمُ مُسَخَّرٌ بِأَمْرِهِ إِنَّ اللَّهَ خَلَقَ وَالْأَمْرُ تَبَارَكَ اللَّهُ رَبُّ الْعَالَمِينَ

**"Impela iNkosi yenu ngu Allah, lona odale amazulu nomhlaba ezinsukwini eziyisithupha wabe esenyukela eSihlalweni. Umboza imini ngobusuku ngokulandelana okusheshayo; futhi [wadala] ilanga nenyanga nezinkanyezi, konke kulawula nguYe. Bheka ngoba ukudala nokulawula kungokwaKhe. Ubusisekile u Allah iNkosi yendalo yonke".** [Kurani 7:54]

Ukukholelwa ku Allah kuphinde kufake phakathi: ukukholelwa eMagameni ka Allah amahle neZiphawulo zaKhe eziphakeme, ezitholakala eNcwadini yaKhe ehloniphekile nezivela kuSithunywa saKhe esithembekile ngale kokuziguqula noma ukuzichitha noma ukuzifuna ubunjalo noma ukuzifanisa. Kepha kumele zithathwe njengoba zinjalo ngale kokufuna ubunjalo bazo, kulapho kumele kukholelwe kumqondo nezincazelo ezinohlonze eziwuqukethe, phela ziyiZiphawulo zika Allah Onamandla Ophakeme, okumele achazwe ngazo ngendlela emfanele ngaphandle kokumfanisa nakancane nendalo yaKhe kuZiphawulo zaKhe, njengoba naYe esho:

لَيْسَ كَمِثْلِهِ شَيْءٌ وَهُوَ السَّمِيعُ الْبَصِيرُ

**"Akukho lutho okufana naYe, futhi Ungoziwayo Obonayo".** [Kurani 42:11]

فَلَا تَضْرِبُوا لَهُ أَلَمَّا تَلِدُ إِنَّ اللَّهَ يَعْلَمُ وَأَنْتُمْ لَا تَعْمَلُونَ

**"Ngakho-ke, ningafanisi u Allah, impela u Allah uyazi kepha nina anazi".** [Kurani 16:74]

Lolu-ke yilonia kholo lama *Ah'lusuna wal Jama'*, kusukela kuma *Sahaba* nalabo abawalandela ngokuhle. Futhi yilonia lolu u *Imamu Abulhasan Alash'ari* – u Allah abe nomusa kuye – alubalule encwadini yakhe (*Almakalati*) mayelana nama *As'habulhadithi* nama *Ah'lusuna*; kanjalo nabanye osolwazi nabakholwayo babike okufanayo.

Uthi u *Auza'i* – u Allah abe nomusa kuye: "*uZuhri noMak'huli babuzwa mayelana nemibiko yeZiphawulo, bathi: zithatheni njengoba zinjalo*".

*uWalidi* ka *Musilimu* – u Allah abe nomusa kuye – wathi: "*uMaliki no-Awuza'i noLayithi* ka *Sa'adi noSufiyani Thawuri* – u Allah abe nomusa kubo – mayelana

nemibiko ekhuluma ngeZiphawulo, bonke bathi: "yithatheni njengoba injalo ngale kokufuna ubunjalo".

u-Awuza'i - u Allah abe nomusa kuye - uthi: "Thina namaTabi'una sasivumelana ngo elethu, sithi: u Allah ungaphezu kweSihlalo saKhe futhi sikholelwa kuZiphawulo ezitholakala kwiSuna".

uRabi'a ka Abu Abdurahimani umfundisi ka Maliki - u Allah abe nomusa kubo - mhla ebuzwa nge-Isitiwa (ukuphakama), wathi: "Ukuphakama kuyaziwa, ubunjalo abuqondwa futhi umbiko uwela ku Allah, okweSithunyuwa ukuwudlulisa ngokucacile, okwethu ukukholwa".

uMaliki - u Allah abe nomusa kuye - yena mhla ebuzwa ngalokho wathi: "Ukuphakama kuyaziwa; ubunjalo abaziwa; ukukholelwa kukho kuphoqelekile kanti ukubuza ngakho kuwumfakela". Wabe esethi kulona obuzayo: "Ngikubona ungumuntu omubi", wayalela ukuba axoshwe, wakhishwa. Okufana nalokhu kubikwa ngoMama waBakholwayo u-Umusalama - u Allah athokoze ngaye.

u-Imamu Abu Aburahimani, u Abdulla ka Mubaraku - u Allah abe nomusa kuye, wathi: "Siyazi ukuthi iNkosi yethu - mayingcweliswe - ukuthi ingaphezulu kwamazuluwayo phezu kweSihlalo sayo, ayihlangene nendalo yayo".

Ukuphawula kwezinzululwazi mayelana nalokhu kuningi kakhulu angeke kwabalulwa konke kulenkulomo. Loyo ofuna ukubona okuningi kulokho, kumele afunde lokho okulotshwe izinzululwazi zeSuna mayelana nalesi sihloko; njengencwadi (As-Suna) ka Abdula bin Imamu Ahamadi, ne(Tawuhidi) ye-Imamu ehloniphekile uMuhamadi bin Kguzayima, nencwadi (As-Suna) ka Abul-Kasimu al-Lalika'i aTwabari, nencwadi (As-Suna) ka Abubakari bin Aswimi. Kanjalo nempendulo ka Sheyikgul Isilami, u ibin Tayimiya ayibhalela abantu base Humati. Iyimpendulo emqoka impela newusizo kakhulu; ubalule kuyo ukholo lwama Ah'lusuna wabalula ukuphawula kwabo okuningi kanye nobufakazi benkolo nobenqondo obufakazela iqiniso lalokho okushiwo ama Ah'lusuna nombhedo oshiwo yilabo ababaphikisayo. Kanjalo nenyne incwadi yakhe ebizwa nge-Tadmuriya; uhlaluse kuyo kwacaca waphinde wandlala ukholo lama Ah'lusuna walusekela ngobufakazi balo obembulelw nobenqondo. Futhi uphindisele izinduku kulabo abaphikisayo ngendlela eveza obala iqiniso nechitha umbhedo, kulowo nalowo oyisazi obheka lokho ngenhlosu emsulwa nolangazelela ukwazi iqiniso. Futhi bonke labo abaphikisana nama Ah'lusuna kulokho abakholelwa kukho mayelana naMagama neZiphawulo, nakanjani uzophambana nobufakazi obembulelw nobenqondo ngaphezu kokuziphikisa okusobala kulokho akuvumayo nakuchithayo.

Ama Ah'lusuna achaza u Allah ngalokho azichaze Yena ngakho uqobo eNcwadini yaKhe ehloniphekile noma ngalokho achazwe ngakho yiSithunyuwa saKhe uMuhamadi (ﷺ) ezimfundisweni zakhe; ukumchaza okungenakufanisa. Futhi bayamqhelelanisa ekumfaniseni nendalo yaKhe, ukumqhelelanisa okungenakho ukuphika iZiphawulo, ngaleyondlela basinda ekuziphikiseni futhi balandela bonke ubufakazi. Lena-ke iyona nkambiso ka Allah kulowo obambelela eqinisweni leli alithumela neZithunyuwa, aphinde azikhandle ngokusemandleni akhe kulokho futhi abe msulwa ku Allah ekulithungatheni, u Allah umholela eqinisweni nobufakazi bakhe bunqobe; njengoba u Allah esho:

بَلْ نَقِذُفُ بِالْحَقِّ عَلَى الْبَطَلِ فَيَدْمَعُهُ فَإِذَا هُوَ زَاهِقٌ

"**Empeleni sjikijela amanga ngeqiniso liwahlakaze bese eshabalala..**" [Kurani 21:18], futhi uthi,

وَلَا يَأْتُونَكُمْ مِثْلِ إِلَّا جِئْنَاهُ كَبِيلًا حَقًّا وَأَحْسَنَ تَقْسِيرًا

"**Futhi njalo uma bekulethela umzekelo othize; Thina sizokulethela iqiniso nencazelo engcono**" [Kurani 25:33]

Encwadini yakhe yeTafisiri edumile, uHafid ibin Kathiri - u Allah abe nomusa kuye - usho amazwi amahle mayelana nalesi sihloko kuncazelo yakhe yamazwi ka Allah Onamandla Ophakeme;

إِنَّ رَبَّكُمُ اللَّهُ الَّذِي خَلَقَ السَّمَاوَاتِ وَالْأَرْضَ فِي سِتَّةِ أَيَّامٍ ثُمَّ أَسْتَوَى عَلَى الْمَرْءَى

"**Impela iNkosi yenu ngu Allah, lona odale amazulu nomhlaba**

**ezinsukwini eziyisithupha wabe esenyukela eSihlalweni".** [Kurani 7:54]

Kuyinto enhle ukuwabalula lapha ngenxa yokusizakala okukhulu okuwaqukethe. Nawa-ke amagama awasho – u Allah abe nomusa kuye:

"*Kulolu dabaabantu banemibono eminingi kakhulu, lena akusiyona indawo esinganaba ngayo. Okusemqoka ukuthi mayelana naloludaba sihamba ezinyathelweni zokhokho abaqotho, uMaliki no Auza'i no aThawuri noLayithi ka Sa'adi noShafi no Ahmadi no Isihaki ka Rahhawayi kanye nezinye izinzululwazi zamaMusilimu zasendulo nezamanje; okungukuthatha njengoba injalo (imibiko yeZiphawulo) ngale kokufuna ubunjalo noma ukuyifanisa noma uyichitha. Futhi lokhu okufika kuqala ezingondweni zalabo abafanisayo, akukho ku Allah; ngoba u Allah akafani nalutho endalweni yaKhe futhi akukho okufana naYe, Ungoziwayo Obonayo. Empeleni indaba injengoba kwasho izinzululwazi, ezinjego Nu'ayimi ka Hamadi umfundisi kaBhukgari, uthi: 'lowo ofanisa u Allah nendalo yaKhe, uba ongakholwa kanjalo nalowo ophika lokho u Allah azichaze ngakho Yena uqobo, uba ongakholwa. Futhi akukho kufanisa kulokho u Allah azichaze ngakho Yena uqobo kanye neSithunywa saKhe. Ngakho-ke lowo ochaza u Allah ngalokho okutholakala kwimibiko ecacile nezimfundiso eziqinisekisiwe, ngendlela efanele ubukhulu buka Allah waphinde waqhelelanisa u Allah nezici, impela usendleleni eqondile". Aphelela lana amazwi ka ibin Kathiri – u Allah abe nomusa kuye.*

(2)

### **UKUKHOLELWA KUZINGELOSI**

Uukholelwa ezingelosini kufaka phakathi: ukukholelwa kuzo zonke ngothi lwazo nangazinye. iMusilimu likholelwa ekutheni u Allah unezingelosi azidalele ukuba zithobele Yena, wazichaza ngokuthi:

**بَلْ عِبَادُ مُكَرَّمُونَ لَا يَسْقُونَهُ بِالْفَوْلِ وَهُمْ بِأَمْرِهِ يَعْمَلُونَ يَعْلَمُ مَا يَنْ**  
**أَيْدِيهِمْ وَمَا خَلَفُهُمْ وَلَا يَشْفَعُونَ إِلَّا لِمَنْ أَرْضَى وَهُمْ مِنْ حَشِيدَةٍ مُشْفِقُونَ**

*"Empeleni yizigqila ezhloniphekile. Azikhulumi engakaziphi imvumo. Futhi zenza ngokomyalelo waKhe. Wazi konke okungaphambi kwazo [okuzayo] nokusemuva kwazo [okwendlule]. Futhi azyukushwelezela muntu ngaphandle kwalowo amvumele. Futhi ngenxa yokumesaba zihlala zithukile".* [Kurani 21:26-28]

Futhi ziyizigaba eziningi; kunalezo eziutshelwe ukuthwala iSihlalo, kube nalezo eziqaphe iJana noMlilo, kube nalezo eziutshelwe ukuqophya izenzo zezigqila (abantu).

Futhi sikholelwa kuzo ngazinye kulezo u Allah neSithunywa saKhe abagagule amagama azo, njengoJibhirili noMika'ili noMaliki umqhaphi woMlilo noIsirafili ojutshelwe ukushaya uphondo; zibalulwe kumaHadithi aqinisekisiwe. Belu u A'isha – u Allah athokoze ngaye usilandisa ukuthi iSithunywa (ﷺ) sathi:

**خَلَقْتِ الْمَلَائِكَةَ مِنْ نُورٍ وَخَلَقْتِ الْجَانِبَ مِنْ مَارِجٍ مِنْ تَأْرِ وَخَلَقْتِ آدَمَ مِمَّا وُصِفَ لَكُمْ**

***"Izingelosi zidalwe ngokukhanya kwathi amajini wona adalwa ngelangabi lomlilo kuthi u Adamu yena wadalwa ngalokho enichazelwe kona".*** [Musilimu]

(3)

### **UKUKHOLELWA EZINCWADINI**

Kanjalo nokukholelwa ezincwadini zonke ngothi lwazo: ngokukholelwa ekutheni u Allah wembulela iZincwadi kuZembulelwa zaKhe neZithunywa zaKhe ukuze kucaciswe iqiniso laKhe nokumemela kulo; njengoba naYe esho:

**لَقَدْ أَرْسَلْنَا رُسُلًا بِالْبَيِّنَاتِ وَأَنْزَلْنَا مَعَهُمُ الْكِتَابَ وَالْمِيزَانَ لِيَقُولُ النَّاسُ إِنَّا فِي قَسْطِ**

***"Nebala Sathumela iZithunywa Zethu nemibiko futhi sabembulela kuzo iNcwadi nobulungiswa ukuze abantu babe***

*nobulungiswa". [Kurani 57:25]*

كَانَ النَّاسُ أُمَّةً وَاحِدَةً فَبَعَثَ اللَّهُ النَّبِيًّا مُّبَشِّرًا بِنَصْرٍ وَأَنْزَلَ مَعَهُ الْكِتَابَ بِالْحَقِّ  
لِيَحُكُّمَ بَيْنَ النَّاسِ فِيمَا أَخْتَفَوْا فِيهِ

*"Isintu sabe sisenkolweni eyodwa, u Allah wabe esethumela iziThunywa zithula izindaba ezinhle futhi zixwayisa. Futhi wathumela kanye nazo Incwadi Yeqiniso ukuze yehlulele isintu kulokho abaphikisana ngakho". [Kurani 2:213]*

Siphinde sikholelwé kuzo ngazinye, lezo u Allah azigagulile njenge Tora ne Injili neZaburi kanye neKurani. Futhi iKurani iyona engcono kunazo zonke nekungeyokugcina kuzo zonke, futhi iyona eqavile nezifakazela zonke. Iyona kuphela okumele isintu sonke siylandele futhi sengamele ngayo nezimfundiso zeSithunywa (ﷺ) eziqinisekisiwe kanyekanye. Phela u Allah wathumela iSithunywa saKhe uMuhamadi (ﷺ) njengesithunywa kusintu namajini jikelele. Wamembulela leKurani ukuze ahlulele ngayo phakathi kwabo. Futhi uyenze yaba ikhambi elilapha okungaphakathi, futhi yaba umcacisi wezinto zonke nomholi nomusa kulabo abakhholwayo; njengoba naYe esho:

وَهَذَا كِتَابٌ أَنْزَلْنَاهُ مُبَارَكٌ فَاتِّيْعُوهُ وَأَتَقْوُا لَعَلَّكُمْ تُرْحَمُونَ

*" Lena iNcwadi ebusisekile esiyembuleele, ngakhoke yilandeleni futhi nithobele u Allah ukuze nithole umusa". [Kurani 6:155]*

وَنَزَّلْنَا عَلَيْكَ الْكِتَابَ تِبْيَانًا لِكُلِّ شَيْءٍ وَهُدًى وَرَحْمَةً وَبُشْرَى لِلْمُسْلِمِينَ

*"Futhi sikwembulele iNcwadi ecacisa zonke izinto ephinde ibe wumhlahlandela nomusa nendaba enhle kulabo abangamaMusilimu". [Kurani 16:89]*

فُلُّ يَتَآيِّهَا النَّاسُ إِنِّي رَسُولُ اللَّهِ إِلَيْكُمْ جَمِيعًا الَّذِي لَهُ مُلْكُ السَّمَاوَاتِ وَالْأَرْضِ لَا  
إِلَهَ إِلَّا هُوَ يُحْيِي وَيُمِيتُ فَمَنْ مُؤْمِنٌ بِاللَّهِ وَرَسُولِهِ الَّذِي أَلْأَمَّى الَّذِي يُؤْمِنُ بِاللَّهِ  
وَكَلِمَتِهِ وَاتَّبَعَهُ لَعَلَّكُمْ تَهَدُّوْنَ

*"Ithi: Sintu, ngiyiSithunywa sika Allah kunina nonke. Lona umbuso wamazulu nomhlaba ungowaKhe, futhi akukho okufanele kukhonze ngaphandle kwaKhe, nguYena oletha impilo aphinde ayithathe. Ngakhoke kholelwani ku Allah neSithunywa saKhe, uMembulelwá ongakwazi ukuloba – naye okholelwá ku Allah naMazwi aKhe – nimlandele ukuze nibe sendleleni eqondile". [Kurani 7:158], miningi imibiko ekhulumá ngalokhu.*

(4)

#### UKUKHOLELWA KUZITHUNYWA

Kanjalo nakuZithunywa: kuphoqekekile ukukholelwá kuzo zonke ngothi lwazo nangazinye. Kumele sikholelwé ekutheni u Allah wathumela kuzigqila zaKhe iZithunywa ezivela kubo zethula izindaba ezinhle, zixwayisa futhi zimemela eqinisweni. Lowo oyozilalelayo uyophumelela athole ukuthokoza; kepha lowo oziphikisayo uyothola ukulahlekelwa nokuzisola. Esokugcina kuzo nesiqavile kunazo zonke, uMembulelwá wethu uMuhamadi ka Abdula (ﷺ), njengoba u Allah esho:

وَلَقَدْ بَعَثْنَا فِي كُلِّ أُمَّةٍ رَسُولًا أَنِ اعْبُدُوا اللَّهَ وَاجْتَنِبُوا الظُّنُوتَ

*"Nebala kuzo zonke izizwe sathumela iSithunywa ukuba sithi: Khonzani u Allah bese niziqhelelanise nezikhonza zamanga".*

[Kurani 16:36]

رُسَّالاً مُبَشِّرِينَ وَمُنذِرِينَ لَكُلًا يَكُونُ لِلنَّاسِ عَلَى اللَّهِ حُجَّةٌ بَعْدَ الرَّسُولِ

"Izithunywa ezingabethuli bezindaba ezinhle nabaxwayisi, ukuze abantu bangagxeki u Allah emva kokufika kweZithunywa". [Kurani 4:165]

مَا كَانَ مُحَمَّدٌ أَبَا أَحَدٍ مِّنْ رِجَالِكُمْ وَلَا كَنَّ رَسُولَ اللَّهِ وَخَاتَمَ النَّبِيِّنَ

"U Muhamadi akasiye ubaba wandoda phakathi kwenu; kepha uyisithunywa sika Allah noMembulelwa wokugcina". [Kurani 33:40]

Futhi lezo kuzo u Allah azigagule ngamagama noma bagagulwe yiSithunywa sika Allah (ﷺ), sikholelwa kuzo ngazinye, njengoNuhu noHudi noSwalih noIbhrahimu nezinye – u Allah azidlulisele izilokotho nokuthula kanye neminden yazo nabalandeli bazo.

(5)

### UKUKHOLELWA OSOKWINI LOKUGCINA

Mayelana nokukholelwa oSukwini lokuGcina: kufaka phakathi ukukholelwa kukho konke okushiwo ngu Allah neSithunywa saKhe (ﷺ) ngokuzokwenzeka emva kokufa; njengesivivinyo sasethuneni nesijeziso salo nentokomalo yalo. Kanjalo nalokho okwesabekayo nokunzima okuzokwenzeka ngoSuku lokwaHlulela nebhoholo nesikali nokwahlulela nemivuzo nokusatshalalisa kwemiqulu yezenzo phakathi kwabantu, omunye uyothatha umqulu wakhe ngesokunene omunye awuthathe ngesobunxele omunye awuthathe ewufulatthele. Kuphinde kungene kulokho: ukukholelwa emthonjeni kaMembulelwa wethu uMuhamadi (ﷺ) okuyophuzwa kuwo; nokukholelwa ejana noMlilo nokubona u Allah nokukhuluma kwaKhe nabo, nokunye nje okutholakala kwiKurani ehlöniphekile nezimfundiso eziqinisekisiwe zeSithunywa sika Allah (ﷺ); kumele kukholelwe kukho konke lokho, ngendlela u Allah akuchaze ngakho neSithunywa saKhe (ﷺ).

(6)

### UKUKHOLELWA KWIKADARI (ISINQUMO)

Ukukholelwa kwiKadari kufaka phakathi: ukukholelwa ezintweni ezine.

**Eyokuqala:** ukukholelwa ukuthi u Allah wazi okwenzekayo nokusazokwenzeka futhi wazi konke ngezigqila zaKhe, izondlo zazo neminyaka yazo abazoyiphila nezenzo zazo nokunye nje, akukho lutho okumphuthayo kukho konke lokho, njengoba naYe esho:

إِنَّ اللَّهَ بِكُلِّ شَيْءٍ عَلِيمٌ

"Impela u Allah wazi yonke into" [Kurani 9:115]

لَنَعْمَلُوا أَنَّ اللَّهَ عَلَى كُلِّ شَيْءٍ قَدِيرٌ وَلَنَّ اللَّهَ قَدْ أَحَاطَ بِكُلِّ شَيْءٍ عِلْمًا

"ukuze nazi ukuthi u Allah akehluwa lutho nokuthi impela wengamele yonke into ngolwazi" [Kurani 65:12]

**Eyesibili:** ukukholelwa ukuthi ukulobe konke anqume ukuthi kwenzeke (ngaphambi kokuthi kwenzeke)' njengoba esho:

قَدْ عَلِمْنَا مَا تَفْصِّلُ الْأَرْضُ مِنْهُمْ وَعِنْدَنَا كُنَّا بِحَفِظٍ

"nebala Impela sikwaze kahle lokho umhlaba okucuyayo kubo; futhi sineNcwadi elondoloziwe". [Kurani 50:4]

وَكُلَّ شَيْءٍ أَحْصَيْنَاهُ فِي إِمَامٍ مُبِينٍ

"Futhi yonke into siyiqophe eNcwadini ecacile". [Kurani 36:12]

أَلَمْ تَعْلَمْ أَنَّ اللَّهَ يَعْلَمُ مَا فِي السَّمَاوَاتِ وَالْأَرْضِ إِنَّ ذَلِكَ فِي كِتَابٍ إِنَّ ذَلِكَ عَلَى اللَّهِ يَسِيرٌ

"Awazi yini ukuthi u Allah wazi konke okusezulwini nokusemhlaben, impela lokho kuseNcwadini; impela lokho kulula ku Allah". [Kurani 22:70]

**Eyesithathu:** ukukholelwa entandweni yaKhe eyenzekayo; konke akufunayo kuyenzeka futhi angakufuni akwenzeki, njengoba esho:

إِنَّ اللَّهَ يَفْعُلُ مَا يَشَاءُ

"*Impela u Allah wenza akuthandayo*" [Kurani 22:18]

إِنَّمَا أَمْرُهُ إِذَا أَرَادَ شَيْءًا أَنْ يَقُولَ لَهُ كُنْ فَيَكُونُ

"*Uma efuna ukwenza into ethile, uvele athi: "Yenzeka", bese iyenzeka*". [Kurani 36:82]

وَمَا تَسْأَءُونَ إِلَّا أَنْ يَشَاءَ اللَّهُ رَبُّ الْعَالَمِينَ

"*Futhi angeke nafisa ngaphandle kwentando ka Allah iNkosi yendalo yonke*". [Kurani 81:29]

**Eyesine:** ukukholelwa ukuthi u Allah udale konke okukhona futhi akekho omunye umdali ngaphandle kwaKhe futhi ayikho enye inkosi ngaphandle kwaKhe, njengoba esho:

اللَّهُ خَلَقَ كُلَّ شَيْءٍ وَهُوَ عَلَىٰ كُلِّ شَيْءٍ وَكِيلٌ

*U Allah unguMdali wezinto zonke futhi nguYena onakekela yonke into.* [Kurani 39:62]

يَكْتُبُهَا النَّاسُ أَذْكُرُوا نِعْمَتَ اللَّهِ عَلَيْكُمْ هَلْ مِنْ خَلِيقٍ غَيْرُ اللَّهِ يَرْزُقُكُمْ مِنَ السَّمَاءِ وَالْأَرْضِ لَا إِلَهَ إِلَّا هُوَ فَأَنْتَ مُؤْمِنٌ بِوَكْرَنْ

"*Nina bantu, khumbulani izibusiso zika Allah kini; ingabe ukhona omunye umdali onondlayo ngokuphezulu nokusemhlabeni ngaphandle kuka Allah na? Akukho okufanele kukhonze ngaphandle kwaKhe; pho nidukiswa yini na?*" [Kurani 35:3]

Ukukholelwa *kwiKadari* kufaka ukukholelwa kuzo zonke lezinto ezine kuma *Ah'lusuna*, abangahamabiselani nalabo abemifakela abaphika ezinye zazo.

#### LUYANDA LUPHINDE LWEHLE

Okunye okuyingxene yokukholelwa ku Allah, ukukholelwa ekutheni ukholo lungamazwi nezenzo, luyanda ngokulalela, lwehle ngokuphambuka.

#### IMUSILIMU ALIBI IMBUKA NGEMPAMBUKO

Kanjalo nokukholelwa ekutheni akuvumelekile ukukwahlulela iMusilimu ngobumbuka ngenxa yempambuko engaphansi kokubhangqa nokungakholwa, njengokuphinga nokweba nokudla inzalomali nokuphuza oludakayo nokweyisa abazali nezinye izimpambuko ezinkulu, uma nje engakuthathi njengokuvumelekile, njengoba u Allah esho:

إِنَّ اللَّهَ لَا يَغْفِرُ أَنْ يُشَرِّكَ بِهِ وَيَغْفِرُ مَا دُونَ ذَلِكَ لِمَنِ يَشَاءُ

"*Impela u Allah akakuthetheli ukuba abhangwe, ngale kwalokho uyakuthethela kwamthandayo*" [Kurani, 4:116].

Nakuma *Hadithi* amanangi eSithunywa sika Allah (ﷺ), akhomba ukuthi u Allah uyokhipha eMlilweni lowo oyobe enenhansi encane ye-*Imani* (ukholo) enhlizweni yakhe.

#### UTHANDO NENZONDO

Ukukholelwa ku Allah kuphinde kufake phakathi: ukuthanda nokuzibandakanya nokuzonda ukuze ujabulise u Allah. Ngakho-ke okholwayo uthanda abakholwayo aphinde azibandakanye nabo, futhi azonde abangakholwa azihlubuke kubo. Abaseqhulwini labakholwayo, ngama *Sahaba* eSithunywa sika Allah (ﷺ); ama *Ah'lusuna* ayawathanda futhi azibandakanya nawo aphinde

akholelwé ekutheni yiwona angabantu abangcono emva kweZithunywa, njengoba iSithunywa (ﷺ) sasho:

حَيْرُ النَّاسِ قَرَنِي ثُمَّ الَّذِينَ يَلُونَهُمْ ثُمَّ الَّذِينَ يُلُونُهُمْ

**"Abantu abangcono ngabesikhathi sami, bese kuba yilabo ababalandelayo kube yilabo ababalandelayo"** [Bhukgari no Musilimu]

Futhi bakholelwé ukuthi okunguyena ongcono kunabo bonke u Abubakari aSwidiki bese kuba ngu Umaru al-Faruku bese kuba Uthimani Dhunurayini bese kuba ngu Ali al-Murtadwa – u Allah athokoze ngabo bonke. Emva kwabo kulandela labo abasele kwabayishumi bese kuba yiwo wonke *amaSahaba* – u Allah athokoze ngabo bonke.

Futhi (ama *Ah'lusuna*) awagaxeli kuzingxabano ezenzekwa phakathi kwawo (*amaSahaba*). Futhi bakholelwé ukuthi ayeveza imibono yawo; lowo kuwo oyihlabe esikhonkosini uthole imivuzo emibili kuthi lowo obesephutheni yena uthole owodwa.

Futhi (ama *Ah'lusuna*) athanda wonke ama *Ah'lubayiti* (amalunga omndeni weSithunywa sika Allah - ﷺ) akholelwé kuso. Futhi azibandakanya nawo kanjalo nabafazi beSithunywa sika Allah (ﷺ), abangomama balabo abakholwayo jikelele; aphinde abakhulekele (abafazi beSithunywa - ﷺ) bonke ukuba u Allah athokoze ngabo.

Futhi aqiqhelelanisa nenkambiso *yamaRawafidi*, labo abazonda *amaSahaba* eSithunywa sika Allah (ﷺ) aphinde awathuke enjalo nje eqa imikhawulo uma sekufika kuma *Ah'lubayiti*; awaphakamisela ngaphezu kwezinga lawo leli u Allah awabeke kulo. Aphinde (ama *Ah'lusuna*) aqiqhelelanise nenkambiso *yamaNawaswibi*, lawa ahlukumeza ama *Ah'lubayiti* ngamazwi nangezenzo.

Konke lokhu esikubalulile kulamazwi amafushane kuyingxenyé yokholo olulungileyo, lolu u Allah athumela nalo iSithunywa saKhe *uMuhamadi* (ﷺ); futhi luwukholo laleloqembu eliyophumelela, ama *Ah'lusuna wal-Jama'a*, leli iSithunywa (ﷺ) esathi ngalo:

لَا تَرَالْ طَائِفَةٌ مِّنْ أَمْتَيٍ عَلَى الْحَقِّ مَنْصُورَةٌ لَا يَضُرُّهُمْ مَنْ حَذَّلُهُمْ حَتَّىٰ يَأْتِيَ  
أَمْرُ اللَّهِ سُبْحَانَهُ

**"Kuyohlala njalo kuneqembu esizwen sami eliyosekelwa ngeqiniso; angeke balinyazwa yilabo ababashiya dengwane kuze kufika umyalelo ka Allah"**

إِفْرَقْتِ الْيَهُودُ عَلَىٰ إِحْدَى وَسَبْعِينَ فِرْقَةً ، وَإِفْرَقْتِ النَّصَارَىٰ عَلَىٰ اثْنَيْنِ  
وَسَبْعِينَ فِرْقَةً ، وَسَقَرَرْتُ هَذِهِ الْأُمَّةَ عَلَىٰ ثَلَاثَ سَبْعِينَ رَقَّةً كُلُّهَا فِي النَّارِ إِلَّا  
وَاحِدَةٌ . قَالَ الصَّحَابَةُ: مَنْ هِيَ يَا رَسُولَ اللَّهِ؟ قَالَ: مَنْ كَانَ عَلَىٰ مِثْلِ مَا أَنَا  
عَلَيْهِ وَأَصْحَابِي .

**"AmaJuda aqembuka amaqembu angamashumi ayisikhombisa nomuovo (71) kwathi amaNasarina aqembuka amaqembu angamashumi ayisikhombisa nambili (72). Lesi sizwe sami sona siyoqembuka amaqembu angamashumi ayisikhombisa nantathu (73), wonke ayongena eMlilweni ngaphandle nje kwelilodwa". AmaSahaba athi: "obani labo Sithunywa sika Allah?". Sathi: "Yilabo abasendleleni efana nalena engikuyo mina nabalandeli bami".** Okuwukholo lolu okumele kubambelelwé kulo nokuzimelela kulo futhi kuqashelwe lokho okuphambene nalo.

### OKUPHAMBENE NOKHOLO

Mayelana nalabo abaphumbukile kulolukholo nababambelele kulokho okuphambene nalo, bayizinhlobo ezahlukene. Kunalabo kubo abakhonza izithixo nemifanekiso nezingelosi nezingcwele namajini nemithi namatshe kanye nokunye. Labo abasamukelanga isimemo seZithunywa; empeleni baziphikisile futhi bazidazela inkani njengoba isizwe *samaKurayishi* namanye ama-Arabhu enza kuSithunywa *uMuhamadi* (ﷺ). Babecela izikhonzwa zabo ukuba zifeze izidingo, zilaphe abagulayo nosizo ukubhekana nezitha. Futhi babezihlabela baphinde bazibophezele ngazo. Kuthe lapho iSithunywa sika Allah sibakhalima kulokho futhi sabayalela ukuba bakhonze u Allah kuphela; kwabamangaza lokho futhi bakuxwaya bathi:

أَجْعَلُ الْأَنْجَلَةَ إِلَيْهَا وَجْدًا إِنَّ هَذَا لَشَيْءٌ بَعْدَ

"Uzenza kanjani izikhonzwa kube isikhonzwa esisodwa na?; impela lokhu yinto eyisimanga". [Kurani 38:5]

Kepha iSithunywa (ﷺ) saqhubeka sibamemela ku Allah futhi sibaxwayisa ngokubhangqa futhi sibachazela kabanzi ngalokho esibizela kukho; u Allah wahola amholayo kubo, emva kwalokho bangena ngezingwaba enkolweni ka Allah. Yaphakama inkolo ka Allah ngaphezu kwazo zonke izinkolo emva kokumema obekulokhu kuqhubeke njalo nokuzikhandla isikhathi eside kweSithunywa sika Allah (ﷺ) nabalandeli baso (ﷺ) nalabo abalandela ezinyathelweni zabo ngokuhle. Emva kwalokho izimo zaguquka kwanda ukungazi ebantwini abaningi, kangangokuthi abaningi babuyela emuva enkolweni *yeJahhiliya*, ngokweqa imikhawulo mayelana neZithunywa nezingcwele, nangokukhuleka kubo nokucela usizo kubo nezinye nje izinhlobo zokubhangqa. Abazange besakuqonda ukuthi kuchazani ukuthi: akukho okufanelwe ukukhonzwa ngaphandle kuka Allah, njengoba abangakholwa kuma-Arabhu babekwazi. U Allah asisize!

*LeShiriki* beyilokhu ibhebhethaka kuze kube namhlanje ngenxa nje yokwanda kokungazi nokuqhelelana nesikhathi sesambulo.

Indida yalaba bamanje ifana nciamashi neyalabo basendulo, mhla bethi:

هَوَلَاءُ شَفَعْتُونَا عِنْدَ اللَّهِ

"*Laba yibona abayosikhulumela ku Allah*". [Kurani 10:18]

مَا نَعْبُدُهُمْ إِلَّا لِيُقْرِبُونَا إِلَى اللَّهِ زُلْفَى

"*Sizikhonzela ukuba zisisondeze eduze ku Allah*". [Kurani 39:3]

Uyichithile u Allah lendida wakuhlalusa ukuthi lowo okhonza okunye ngaphandle kwaKhe noma kungaba yini usuke esembhangqile futhi uba ongakholwa, njengoba esho:

وَيَعْبُدُونَ مِنْ دُونِ اللَّهِ مَا لَا يَضْرُبُهُمْ وَلَا يَنْفَعُهُمْ وَيَقُولُونَ هَوَلَاءُ شَفَعْتُونَا

عِنْدَ اللَّهِ

"*Futhi bakhonza ngaphandle kuka Allah lokho okungeke kwabalinaza ngalutho noma kubasize ngalutho, baphinde bathi: "Laba yibona abayosikhulumela ku Allah*". [Kurani 10:18]

قُلْ أَتَتْبَعُونَ اللَّهَ بِمَا لَا يَعْلَمُ فِي السَّمَاوَاتِ وَلَا فِي الْأَرْضِ سُبْحَانَهُ، وَتَعَالَى عَمَّا

يُشَرِّكُونَ

Ithi: "ingabe nifuna ukwazisa u Allah ngalokho angakwazi emazulwini noma emhabeni na? Makangcweliswe futhi uphakeme kulokho abakubhangqayo". [Kurani 10:18]

Kulombiko u Allah uyakucacisa ukuthi ukukhonzwa okunye ngaphandle kwaKhe kungaba iZithunywa noma izingcwele *kuyiShiriki* enku; noma abenzi bayo bangayibiza ngokunye. Futhi u Allah uthi:

وَالَّذِينَ أَنْخَذُوا مِنْ دُونِهِ أَوْ لِيَكَاءَ مَا نَعْبُدُهُمْ إِلَّا لِيُقْرِبُونَا إِلَى اللَّهِ زُلْفَى

"*Futhi laba abaqoke izikhonzwa ngaphandle kwaKhe [bathi]: "Sizikhonzela ukuba zisisondeze eduze ku Allah*". [Kurani 39:3]

إِنَّ اللَّهَ يَعْلَمُ بِمَا هُمْ فِيهِ يَخْتَلِفُونَ إِنَّ اللَّهَ لَا يَهْدِي مَنْ هُوَ كَذِبٌ كَفَّارٌ

"*Impela u Allah uyokwehlulela phakathi kwabo ngalokho abaphikisana ngakho. Impela u Allah akamholi lowo onamanga ongakholwa*". [Kurani 39:3]

Ngalokho u Allah ukucacisile ukuthi ukukhonza kwabo okunye ngaphandle kwaKhe ngokukhuleka nokwesaba nethemba njalonjalo, uba ongakholelwa ku Allah. Waphinde wathi banamanga lapho bethi: izikhonzwa zabo zibasondeza eduze no Allah.

Ezinye zezinkolelo zokungakholwa eziphambene nokholo olulungileyo nezingahambiseli nezimfundiso zeZithunywa (ﷺ); yilokho abangakholwa esikhathini samanje abakholelwa kukho, laba abalandela *uMakisi noLineni* nabanye balabo abamemela ekungakholweni, noma bangazibiza ngomasabelane noma ngamakhomanisi noma amabhatisi noma ngamanye nje amagama. Ezinye zezisekelo zalaba abangakholwa, ukuthi akekho okhonzwayo futhi impilo iyona umakhonya. Futhi ezinye zezisekelo zabo ukuphika ukuvuswa neJana noMlilo, kanjalo nokungakholelwa kuzo zonke izinkolo. Futhi lowo ofunda izincwadi zabo aphinde afunde inkambiso yabo uzokwazi lokho ngokungenakungabaza. Akungatshazwa ukuthi lenkolelo iphikisana ngqo nazo zonke izinkolo ezembulelwe futhi injalo nje iholela abanikazi bayo eziphethweni ezimbi emhlabeni nakwelizayo.

Futhi ezinye zezinkolelo eziphambene neqiniso, yilezo *amaSufi* akholelwa kuzo, ezithi abanye balabo ababiza ngezingcwele babambisana no Allah ekuhleleni futhi bayakwazi ukulawula indalo. Bababiza ngokuthi *ama-Aktabu* nama-Awutadi nama-Aguwati nangamanye nje amagama abawaqambele izikhonzwa zabo. Lokhu ukubhangqa okubi impela eBukhosini buka Allah. Futhi kubi ukudlula *iShiriki* yama-Arabu *eJahhiliya*; phela wona awazange abhangqe eBukhosini buka Allah, okwabo ukubhangqa kwaba ekukhonzeni kuphela, futhi ukubhangqa kwabo kwakwenzeka ngezikhathi zenjabulo. Kepha uma besebunzimeni babekhonza u Allah kuphela, njengoba u Allah esho:

فَإِذَا رَأَيْتُمْ كُبُوًّا فِي الْفَلَكِ دَعُوا اللَّهَ مُخَلِّصِينَ لَهُ الدِّينَ فَلَمَّا بَجَّهُمْ إِلَى الْبَرِّ إِذَا هُمْ يُشْرِكُونَ

**"Uma sebegibile emkhunjini, bakhuleka ku Allah kuphela ngobumsulwa; kepha uma esebehlelgele emhlabeni, yibo labaya sebeyabhangqa".** [Kurani 29:65]

Mayelana nobunye buka Allah ebukhosini, babekwazisela u Allah Yena yedwa vo, njengoba u Allah esho:

وَلَئِن سَأَلْتُهُمْ مَنْ خَلَقُوهُمْ لَيَقُولُنَّ اللَّهُ

**Uma ungababuza ukuthi, ngubani obadalile, bayothi: "Ngu Allah".** [Kurani 43:87], aphinde athi:

قُلْ مَنْ يَرْزُقُكُمْ مِنَ السَّمَاءِ وَالْأَرْضِ أَمْنَ يَمْلِكُ السَّمَاءَ وَالْأَبْصَرَ وَمَنْ يُنْجِحُ الْحَيَّ مِنَ الْمَيْتِ

وَمَنْ يُنْجِحُ الْمَيْتَ مِنَ الْحَيِّ وَمَنْ يَدِيرُ الْأَمْرَ فَسِيقُولُونَ اللَّهُ قُلْ أَفَلَا تَنْقُونَ

**Ithi: "Ubani lona onilethela isondlo senu sivela ezulwini [imvula] nasemhlabeni, noma lona okunguyena ongumnikazi wokuzwa nokubona, nalowo okhipha okuphilayo kokufile aphinde akiphe okufile kokuphilayo, nalowo ohlela izinto na?". Bayothi: "u Allah", ngakhoke ithi: "kungani ningaphezan na? [ukubhangqa u Allah]".** [Kurani 10:31], miningi imibiko ekhuluma ngalokhu.

Kepha ababhangqi bamanje bandlula abasendulo ngezigaba ezimbili; esokuqala: ukubhangqa kwabo ebukhosini buka Allah; esesibili: ukubhangqa kwabo ebunmandini nasebunzimeni, njengoba kuyinto eyaziwayo kulowo oke wahlangana nabo wahlaziya izindlela zabo waphinde wabona abakwenzayo ethuneni *likaHuseyini noBadawi* nabanye *eMiswiri* (*eGibhite*); nasehuneni lika *Ayidarusi e-Adani nelikaHadi eYemeni* no *ibin'Arabi eShamu*; *nelikaSheyikgi* u *Abdulikadiri al-Jilani e-Iraki*, namanye nje amathuna adumile lapho abantu beqe imikhawulo kuwo baphinde babhekisa kuwo okuningi okuyilungelo lika Allah. Futhi bayidlanzana

ababakhalimayo ngalokho nababachazela iqiniso *ngeTawuhidi* (ubunye buka Allah), lena u Allah athumela iSithunywa sakhe *uMuhamadi* (ﷺ) nayo, nezinye iZithunywa ngaphambilini kwakhe. Impela singabaka Allah futhi siyobuyela kuYe.

Sicela u Allah ukuba ababuyisele kubuqotho babo nokuthi abandisele labo abamemela endleleni eqondile nokuthi aphe abaholi *bamaMusilimu* nezazi zaho amandla okulwa *naleShiriki* baqothe imbokodo nesisekelo, ngokuba Yena Ungozwayo Oseduze.

Futhi ezinye izinkolelo eziphambene nokholo olulungileyo mayelana naMagama neZiphawulo, ilezo zabantu bemifakela: njengama*Jahhimiya* nama*Mu'tazila* nalabo abahamba ezinyathelweni zabo zokuphika iZiphawulo zika Allah nokumphuca iZiphawulo zokungabi nasici baphinde bamchaze ngokuchazwa ngakho izinto ezingekho nezingaphili nezingakhonakali – u Allah uphakeme kakhulu kulokho abakushoyo. Okunye oyingxenyenye yalokho, yilabo abaphika ezinye zeZiphawulo bavume ezinye, njengama-*Asha'ira*. Empeleni kulezo Ziphawulo abazivumile, nakanjani bazofumanisa okufanayo abakuthole kulezo abaziphikile bahlanekezelala nobubufakazi bazo; ngenxa yalokho baphambana nobufakazi obembulelw nobeqondo. Futhi baziphikisa bona uqobo kulokho ngokusobala.

Kepha ama-*Ah'lusuna wal'jama'a*, bona bachaze u Allah ngaMagama neZiphawulo ngendlela Yena azichaze ngayo uqobo noma ngendlela iSithunywa saKhe *uMuhamadi* (ﷺ) esimchaze ngayo ngokungenasici. Futhi bamqhelelanisa nokumfanisa nendalo yaKhe; ukumqhelelanisa okungenawo ushevuvokuphika iziphawulo. Balandele bonke ubufakazi, abazange bahlanekezele noma baphike; ngaleyondlela basinda ekuziphikiseni lokhu abanye abawele kukho – njengoba besesichazile phambilini.

Lena iyondlela yempumelelo yokunethezeka emhlabeni nakwelizayo. Futhi iyondlela eqondile okwahamba kuyo okhokho besizwe esikhholwayo nezinzuulwazi zaso. Izizukulwane zangemuva azisoze zaphumelela ngaphandle kwalokho okwaphumelela ngakho okhokho basendulo; okuwukulandela iKurani neSuna nokushiya phansi lokho okuphambene nakho.

U Allah nguYena ophana amandla futhi usenele unguMnakekeli ongumpetha. Awekho amandla okwenza okuhle nokuvika okubi ngaphandle kuka Allah. Futhi izilokotho nokuthula kuka Allah makube kusigqila saKhe neSithunywa saKhe uMembulelw wethu *uMuhamadi*, nasemndenini wakhe nakubalandeli bakhe.